



# 8

# U-Yolanda Ophuzi

## Izimo nemibala emphakathini wami







U-Yolanda wayekuthanda okuphuzi.

Ngesikhathi uMama ebuza ethi, "Yini oyifuna ngedina?"
U-Yolanda waphendula wathi, "Ngicela irayisi eliphuzi!"

Ngesikhathi uBaba ethi, "Uzophuzani?"
U-Yolanda wathi, "Ngicela ubisi oluphuzi!"

Ngesikhathi uGogo ebhala ethi, "Yini engingakunithela yona?"
U-Yolanda wabhala ephendula wathi, "Ngicela isikhafu esiphuzi!"



“Woza uzopenda indlu kadoli wami,
Yolanda Ophuzi,” kwasho u-Ami umngani wakhe omkhulu.

U-Ami wathi, “Ikamelo kufanele libe luhlaza.”
Balipenda ikamelo laba luhlaza.
Oops!

U-Ami wathi, “Ngicela ikhishi eliwolintshi.”
Balipenda ikhishi laba wolintshi.
Splat!

U-Ami wathi, “Ngicela indlu yokubhava ebhlu.”
Bayipenda indlu yokubhava yaba bhlu.
Eek!













U-Yolanda kwathi makakhale. I-ovaloli yakhe ephuzi yayonakele.
"Ungakhali," kwasho u-Ami, "Woza uzobona!"

U-Yolanda wazibuka esibukweni.
I-ovaloli yakhe yayiyinhle.

"Iyaphela indaba ka-Yolanda oPhuzi," kwasho u-Ami.
"Kusukela manje ungu-Yolanda owuThingo Lwenkosazana!"

"Kulungile!" kusho uYolanda.